

Sharing the power

by Carole Bloch

Reading should always be a great pleasure and never a chore – it doesn't matter whether you are a young reader or an older one, or how experienced you are.

One of the best ways to discover the real power of reading, is to get lost in the drama of a story shared by a passionate teller or reader. Then you'll want more! Although it is a good thing to read on your own some of the time, we grow strong when we gather together with others to listen to a story. We feel at home in the company of others as we listen to the story together, but we are also free to experience what we hear in our own way.

Good stories allow us to think about the big things in life that we all care about: love and hate, good and evil, betrayal and loyalty, greed and sacrifice, bravery and cowardice. And as we experience and explore good stories together, we connect with each other, and to all the people, wherever they are, who have told or listened to those stories before us.

So, what makes a good story? Reading this passage aloud to someone, might help you to find the answer: *The grass shrivelled up and turned a pale grey. Rivers and pools dried up. All day long animals scurried around looking for food and finding nothing. Mr Tortoise was getting desperate. Every day he woke up to the sound of his wife and children crying ...*

Were your listeners wondering what on earth had happened to cause this sorry state of affairs and what was going to happen next? It's likely

they were, because they sensed that it could be them in Mr Tortoise's shoes! None of us wants to feel desperate, but we all know that a desperate moment may be waiting for us just around the corner. And whether we feel sad for Mrs Tortoise and her children because we have real experience of what it's like to be hungry, or because we have imagined the feeling, the storyteller has drawn us into the story to be the Tortoise family's witness.

As we share stories, together we get to explore and understand our own experiences and how they fit with the world around us. That's how we inspire one another and connect with others. And along the way, as if by magic, we also learn valuable literacy lessons.

Ukwabelana ngamandla endaba

nguCarole Bloch

Ukufunda kumele kuhlale kuyintokozo, kungezwakali kungumsebenzi – akunandaba ukuthi ngabe ungumfundi omncane noma omdala, noma ukuthi usunamava kangakanani.

Enye yezindlela eziphambili zokuthola amandla angempela okufunda, ukuthi ujule kudrama yendaba oyabelwa umxoxi noma umfundi onentshisekelo. Uzofuna ukuzwa enye futhi noma kanjani! Noma kuyinto enhle ukuthi uzifundele uwedwa ngesinye isikhathi, siba namandla uma sihlanganyela nabanye ukuze silalele indaba. Sizizwa sikhululekile uma sinabanye ngesikhathi silalele indaba ndawonye, kodwa futhi sikhululekile ukuthi sizizwele lokho esikulalelayo ngendlela yethu.

Izindaba ezimnandi zisenza ukuthi sicabange ngezinto ezinkulu empilweni esinendaba nazo: uthando kanye nenzondo, ubuhle nobubi, ukuthengiswa kanye nokwethembeka, ubugovu kanye nokuzinikela, ukuba nesibindi kanye nobugwala. Futhi ngenkathi sicubungula, sijula nezindaba ezimnandi sindawonye, siyaxhumana sodwa, kanye nabo bonke abantu, noma ngabe bakuphi, abake baxoxa noma balalela lezo zindaba ngaphambi kwethu.

Ngabe yini eyenza indaba ibe yinhle? Ukufundela kakhulu omunye umuntu lesi siqephu, kungakusiza ukuthi uthole impendulo: *Utshani basha base buphenduka buba mpunga ngokuphaphathekile. Kwasha imifula kanye neziziba. Izilwane zazingijima, zizula usuku lonke zicinga ezingakudla kodwa zazingatholi lutho. UMnu. Fudu wayesenkingeni enkulu. Nsuku zonke ekuseni wayevuswa ngumsindo wokukhala komkakhe kanye nezingane zakhe ...*



Ngabe labo ababekulalele bebezibuza ukuthi kwakwenzekeni ukuze kube kubi kangaka kule ndaba, nokuthi yini elandelayo eyayizokwenzeka? Kungenzeka ukuthi nabo bebezibuza kanje ngoba bebezibona ukuthi kwakungaba yibo abehlelwe yilokhu okwakwehlele uMnu. Fudu! Akekho noyedwa kithi ofuna ukuzizwa esenkingeni, kodwa sonke siyazi ukuthi singazithola sesisenkingeni noma yinini. Futhi noma ngabe siyamzwela noma asimzweli uNkk. Fudu kanye nezingane zakhe ngenxa yokuthi siyazi ukuthi kunjani ukulamba,

noma ngoba sizakhele isithombe somqondo sokuthi kunjani, umxoxi wendaba usidonsele endabeni ukuze sibe ngofakazi bomndeni woFudu.

Lapho sabelana ngezindaba, sikwazi ukujula kanye nokukuqonda sindawonye lokho okwenzeka ezimpilweni zethu nokuthi kungena kanjani kokwenzeka emhlabeni osizungezile. Sikhuthazana kanjalo sibuye sixhumane nabanye. Kanti ngenkathi kwenzeka lokhu, ngokungaba sengathi ngumlingo nje, sifunda nezifundo ezibalulekile eziphathelele nokwazi ukufunda nokubhala.



Drive your imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





100 editions of Nal'ibali!

This is the 100th edition of the only bilingual reading-for-enjoyment supplement in South Africa! So, to celebrate this, we thought we would tell you what goes on behind the scenes to get each supplement to you.

The process begins three months before the supplement appears in the newspaper! First, the supplement editor selects the stories and then writes and pulls together the rest of the material in the supplement. When this is finished, she sends it to be edited and then it is ready for translation into five languages.

But the work doesn't stop there – after it has been translated it needs to be edited in each of those five languages too! Once this is done, all the material for the supplement goes to the art director who decides where to put the text and pictures on each page so that the supplement looks attractive and is easy to read.

Next there is lots and lots of checking to make sure that there are no mistakes. Then finally, the supplement is sent off to be printed and inserted into the newspaper.

Now that we have bigger 16-page supplements, we go through this process 15 times each year!

Izintshicilelo eziyi-100 zikaNal'ibali!

Lolu ushicilelo lwe-100 lwesithasiselo okuyiso kuphela esitholakala ngezilimi ezimbili sokufundela ukuzithokozisa eNingizimu Afrika! Ngakho-ke, ukuze sigubhe lokhu, sicabange ukuthi sikutshale ngabenza umsebenzi bengaleya ngemuva, wokuthi kufike isithasiselo kuwe.

Lo msebenzi uqala ezinyangeni ezintathu ngaphambi kokuba kuvele isithasiselo ephephandabeni! Okokuqala, umhleli wesithasiselo ukhetha izindaba bese ebhala aphi de ahlanganise konke okusesithasiselweni. Uma eseqedile, usithumela ukuthi siyohlelwa bese silungela ukuhunyushelwa ezilimi ezinhlanu.

Kodwa umsebenzi awupheleli lapho – ngemva kokuba sesihunyushiwe, sidinga ukuhlelwa futhi (uku-edithwa) olimini ngalunye kulezo zilimi ezinhlanu! Uma sekwenziwe lokhu, konke okusesithasiselweni kube sekuya kumqondisi wezobuciko (art director) obe esenquma ukuthi ubekwa kuphi umbhalo kanye nezithombe ekhasini ngalinye ukuze isithasiselo sibukeke sikhanga, futhi kulula ukusifunda.

Ngemva kwalokho kube sekubhekwa kaningi ukuthi konke kuhleleke kahle yini ukuze kuqinisekiswa ukuthi akukho maphutha. Bese ekugcineni, isithasiselo sihanjiswa siyoshicilelwa, sifakwe ephephandabeni.

Njengoba sesinesithasiselo esikhulu kakhulu nje esinamakhasi ayi-16, silandela le nqubo ka-15 minyaka yonke!

100 editions of the Nal'ibali supplement

- ★ The supplements have been published in **5** different language editions.
- ★ In the **100** editions there have been:
 - ☉ **170** stories
 - ☉ **200** literacy activities for children
 - ☉ **262** information-sharing items for adults about literacy.
- ★ We have distributed **20 473 535** copies of the supplement!

Izintshicilelo eziyi-100 zezithasiselo zakwaNal'ibali

- ★ Izithasiselo zishicilelwe ngezilimi ezi-**5** ezahlukenene.
- ★ Ezintshicilelweni eziyi-**100** kube nalokhu okulandelayo:
 - ☉ Izindaba eziyi-**170**
 - ☉ Imisebenzi yezingane yokwazi ukufunda nokubhala engama-**200**
 - ☉ Okokwabelana ngolwazi nabadala mayelana nokwazi ukufunda nokubhala okungama-**262**.
- ★ Sesisabalalise amakhophi ezithasiselo angama-**20 473 535**!

Thoughts from the supplement team

We asked the people who work on the supplement for their thoughts on reading and on the usefulness of the supplement. Here is what they said.

"Reading expands your mind and heart, opening both to new possibilities over and over again. If we want young people to 'fly', they need to read, read, read."
Arabella Koopman, Supplement editor

"Ukufunda kuthuthukisa umqondo kanye nenhliziyo yakho, okuvulela kokubili kwalokhu okungade kwenzeka. Uma sifuna ukuthi izingane 'zindize', kumele zifunde, zifunde, zifunde."
U-Arabella Koopman, uMhleli wesithasiselo

Imicabango evela ethimbeni lesithasiselo

Sicele abantu abasebenza isithasiselo ukuthi basitshale lokho abakucabangayo ngokufunda nokubaluleka kwesithasiselo. Naku abakushilo.



"The supplement encourages children and adults to read and make memories whilst having fun. They encourage families to spend quality time together."
Busisiwe Pakade, IsiZulu translator

"Isithasiselo sikhuthaza izingane kanye nabantu abadala ukuthi bafundele ukwenza okukhumbulekayo ngesikhathi bezithokozisa. Zikhuthaza imindeni ukuthi ichithe isikhathi esibalulekile ndawonye."
uBusisiwe Pakade, uMhumushi weSiZulu

"As a child, my father told me stories in Sesotho. I read aloud to my daughter when she was young and I still do! She loves books and we go to the library every Saturday. I like to read on the bus and in bed!"
Hilda Mohale, Sesotho translator



"Ngiseyengane, ubaba wayengixoxela izindaba ngeSesotho. Ngangifundela kakhulu indodakazi yami ngenkathi isencane, futhi ngisaghubeka nokwenza lokho! Iyazithanda izincwadi, okwenza ukuthi siye emtatsheni wezincwadi njalo ngeMigqibelo. Ngithanda ukufunda ebhasini kanye nasembhedeni!"
UHilda Mohale, uMhumushi weSesotho



Drive your imagination



Get story active!

Here are some ideas for using the stories in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

Thank you, Jackson

This story, about an old donkey and his owners, shows the importance of courtesy and kindness towards all living things. It also shows that even though children are young, they can make big differences in the lives of those around them. Children from 3 years old are likely to enjoy the story. As you read it together, talk about some of these things.

- ★ **Page 4:** I wonder why Jackson stopped. Why do you think he has stopped?
- ★ **Page 5:** Do you think the farmer should be pulling Jackson? Why or why not? What could you have said to the farmer to get him to behave differently?
- ★ **Page 7:** How do you think Jackson felt? Was he right to stay sitting down? What do you think the farmer will do if Jackson doesn't stand up? Do you think this is the right thing to do?
- ★ **Page 11:** What do you think Goodwill whispered in Jackson's ear?
- ★ **Pages 14 and 15:** What lesson/s do you think the farmer has learnt?



Ngiyabonga, Jackson

Le ndaba emayelana nembongolo endala nabanikazi bayo, ikhombisa ukubaluleka kokuhlonipha kanye nokuphatha kahle zonke izinto eziphilayo. Iphinde ikhombise futhi ukuthi noma izingane zizincane, zingenza umehluko omkhulu ezimpilweni zalabo eziphila nabo. Izingane ezineminyaka esukela kwemi-3 zingase ziyithokozele indaba. Ngenkathi niyifunda ndawonye, xoxani ngezinye zalezi zinto.


- ★ **Ikhasi lesi-4:** Ngiyazibuza ukuthi yini eyamisa uJackson. Ucabanga ukuthi umiswe yini?
- ★ **Ikhasi lesi-5:** Ngabe ucabanga ukuthi umlimi kumele adonse uJackson? Kungani kunjalo noma kungenjalo? Ubuzothini kumlimi ukuze umenze aziphathe ngendlela ehlukile?
- ★ **Ikhasi le-7:** Ucabanga ukuthi wayezizwa kanjani uJackson? Ngabe kwakufanele ukuthi ahlale phansi? Ngabe ucabanga ukuthi umlimi uzokwenzenjani uma uJackson engasukumi? Ngabe ucabanga ukuthi lena yinto efanele ukwenziwa?
- ★ **Ikhasi le-11:** Ngabe ucabanga ukuthi uGoodwill wamhlebelani uJackson emadlebeni akhe?
- ★ **Ikhasi le-14 kanye nele-15:** Yisiphi isifundo/izifundo ocabanga ukuthi zifundwe umlimi?



Sindiwe and the fireflies

This is a picture book about the life of South African author and storyteller, Sindiwe Magona. It is best suited to children aged 6 and up.

- ★ When you have finished reading the story together, ask your children what questions they would like to ask Sindiwe Magona if they were to meet her.
- ★ Suggest that they role-play a television interview with Sindiwe. Let them take turns being the interviewer and Sindiwe.
- ★ Encourage your children to find out more about Sindiwe Magona on the Internet or at the library. Then try reading one of her books that you have not read before. Sindiwe writes for children and adults so there is something for everyone!
- ★ Using the maps in an atlas, together with your children find the place where Sindiwe was born, where she went to university and where she lived when she came back to South Africa.



USindiwe kanye nawokhanyikhanyi

Le yincwadi enezithombe ngombhali kanye nomxoxi wezindaba waseNingizimu Afrika, uSindiwe Magona. Ilungele izingane ezineminyaka esukela kweyi-6 kuye phezulu.

- ★ Uma seniqedile ukufunda ndawonye, buza izingane zakho ukuthi yimiphi imibuzo ebezingathanda ukuyibuza uSindiwe Magona uma bezingakwazi ukuhlalana naye.
- ★ Yenza isiphakamiso sokuthi zilingise uhlelo lokubuza imibuzo kumabonakude noSindiwe. Zivumele ukuthi sishintshane ngokuba ababuzi bemibuzo nokuba uSindiwe.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zithole kabanzi ngoSindiwe Magona ku-Inthanethi noma emtatsheni wezincwadi. Bese nizama ukufunda enye yezincwadi zakhe eningakaze niyifunde phambilini. USindiwe ubhalela izingane kanye nabantu abadala, ngakho kukhona okuthile komuntu wonke!
- ★ Ngokusebenzisa ibalazwe elisencwadini, wena kanye nezingane zakho tholani izindawo lapho kwazalelwa khona uSindiwe, lapho aya khona enyuvesi kanye nalapho ahlala khona ngesikhathi esebuyele eNingizimu Afrika.

A bowl of phutu

This is a traditional Chinese story about the importance of kindness, which has been retold in a South African setting. Enjoy reading it aloud or retelling it, then discuss some of these questions with your children.

- ★ Why do you think the woman helped Molahlehi when he was a boy?
- ★ Should she have expected to be paid back for feeding him? Why or why not?
- ★ Do you think the people were right to choose Molahlehi to be their king? Why or why not?





Indishi yophuthu

Le indaba yomdabu yaseChina emayelana nokubaluleka kokuba nomusa komunye umuntu, eseyixoxa kabusha esizindeni zaseNingizimu Afrika. Thokozela ukuyifunda kakhulu noma ukuyixoxa kabusha, bese uxoxa ngeminye yale mibuzo nezingane zakho.

- ★ Ngabe ucabanga ukuthi kungani owesifazane asiza uMolahlehi ngesikhathi esengumfana?
- ★ Ngabe bekufanele ukuthi alindele ukukhokhelwa ngokumupha ukudla? Kungani kunjalo noma kungenjalo?
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi abantu benze kahle ngokukhetha uMolahlehi ukuthi abe yinkosi yabo? Kungani kunjalo noma kungenjalo?

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold each sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha amakhasi, elesi-5 ukuya kwele-12, alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

“Isishiyagalombili ... isishiyagalolunye...”
 kughubeka umlimi nokubala. Kodwa lokho
 akushongo lutho kuJackson ngoba izimbongo
 azikwazi ukubala.
 Wathi uma esefike eshumini, umlimi waphakamisa
 induku yakhe. Wayesezoshaya imbongo ngenkathi
 umfanyana wakhe ememeza ethi, “Babal Musa
 ukushaya uJackson!”



“Eight ... nine ...” the farmer continued to
 count. But as donkeys cannot count, it meant little
 to Jackson.
 On the count of ten, the farmer raised his
 stick. He was about to strike when his little boy
 called out, “Father! Please don’t hit Jackson!”

Laphaya ezansi, uBeauty, inkosikazi yomlimi,
 yayikubone konke okwakwenzeka egeleni. Yamemeza
 indodana yayo, uGoodwill.
 “Ake uyosiza ubaba ngembongo,” kusho yona.
 “Yebo, Mama,” kuphendula uGoodwill.
 “Ngiyabonga, ndodana,” kusho unina.
 Umfana wasuka masinyane wenyuka igquma.



Down below, Beauty, the farmer’s wife, had seen all that
 was happening on the hill. She called her son, Goodwill.
 “Please,” she said, “will you go and help your father with
 the donkey?”
 “Yes, Mama,” replied Goodwill.
 “Thank you, son,” said his mama.
 At once the little boy set off up the hill.



We publish what we like


This is an adapted version of *Thank you, Jackson*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from www.jacana.co.za. This story is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Lapha iphendulwe kancane indaba ethi, *Ngiyabonga, Jackson*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekheleni elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa nesiZulu. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200

F FRANCES LINCOLN
CHILDREN’S BOOKS

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



**Drive your
imagination**

Thank you, Jackson Ngiyabonga, Jackson



*Niki Daly
Jude Daly*



Once there was a farmer who had a wife called Beauty, a son called Goodwill and an old donkey called Jackson.

Every market morning, the farmer would load potatoes, carrots, mealies and pumpkins onto his old donkey's strong back and take him up the hill to the market. And up the hill Jackson would go, without complaint or rest.




Kanti-ke emuva epulazini, uBeauty
wayesebalungisele isidlo sakusihlwa.
“Kodwa okokuqala nje,” kusho umlimi,
“kukhona engifuna ukukutshela uJackson.”
Waphendukela embongolweni yakhe endala,
wayiphulula kamnene wase eyihlebela emadlebeni
ayo ethi, “Ngiyabonga, Jackson.”

“I’ll count to ten, and if you are not standing up, I’ll give you a taste of this!” scolded the farmer, showing Jackson what a big stick he had found. Then he began to count ... “One ... two ... three ... four ... five ... six ... seven ...”



“Ngizobala ngize ngifike eshumini, uma ungakasukumi, uzothola lokhu!” kuthetha umlimi, ekhombisa uJackson induku enkulu ayeseyitholile. Wagala ukubala ... “Kunye ... kubili ... kuthathu ... kune ... kuhlano ... kuyisithupha ... kuyisikhombisa ...”

The old donkey was happy to see Goodwill. Slowly, the farmer lowered his stick and watched as Goodwill went up to Jackson and whispered something in his ear. Immediately the old donkey rose to his feet. The farmer was amazed. “What did you say to get this stubborn animal off his lazy behind?” he asked. “Mama says,” explained Goodwill, “that it’s the little things, like saying please and thank you, that make a big difference in the world.”



Kwayiyabulisa imbongolo endala ukubona uGoodwill. Kancane, kancane, yehla induku yomlimi ngesikhathi ebheke uGoodwill eya kujackson efike emhlebela okuthile emadlebeni. Imbongolo yasukuma ngaleso sikhathi yama ngezinyawo. Umlimi wamangala kakhulu. “Usitsheleni lesi silwane esinenkani nesivilaphayo ukuze sisukume?” kubuza yena. “Umama uthi,” kuchaza uGoodwill, “empeleni yizinto ezincane, ezifana nokuthi ‘ngiyacela’ nokuthi ‘ngiyabonga’, ezenza umehluko omkhulu emhlabeni.”

USindiwe wayefunda ngaso sonke
lesi sikhathi.
Ukusebenza kwakhe kanzima kwathela
izithelo! Wathola umfundaze okhokhela
zonke izindleko wokuthi ayofunda eNyuvesi
yaseNew York. Yena kanye nezingane
zakhe ezincane ezintathu bapakisha
izikhwama zabo bawela iziwindle
ngendiza baya eMelika.
Lapho-ke usindiwe wafundela ukuba
usonhlalakahle. Wayefuna ukusiza iminden
i ukuthi yenze izimpilo zayo zibe ngcono.



All this time Sindiwe studied.
Her hard work paid off! She won a scholarship
to study at a university in New York. She and her
three small children packed their bags and flew
across the sea to the United States of America.
There Sindiwe studied to become a social worker.
She wanted to help families make their lives better.


We believe every child should
own a hundred books
by the age of five.

Become a book-sponsor and
help change the world.

Get involved at
bookdash.org



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark children's potential through
storytelling and reading. For more information,
visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...


UNal'ibali umkhankaso wokufundela
ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela
lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa
nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye
imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org
noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination


Sindiwe and the fireflies

USindiwe kanye
nawokhanyikhanyi



Jano Strydom
Cheréne Pienaar
Tess Gadd

Wayeka esikoleni wayokwenza umsebenzi wokuhlanya izindlu.
Wayesebenza ezindlini ezine ezahlukene. Abantu balapho babeke bamhlukumeze, into eyenza ukuthi usindiwe apha theke kabi kakhulu.



She left the school to work as a cleaner.
She worked in four different houses. Sometimes the people there treated her badly and Sindiwe became very unhappy.

One day a very clever baby was born in Gungululu in the Eastern Cape. Her name was Sindiwe Magona. She was the oldest of eight children.



Ngelinye ilanga kwazalwa umntwana ohlakaniphe kakhulu eGungululu, eMpumalanga Kapa. Igama lakhe kwakunguSindiwe Magona. Wayeyizibulo elanywa yizingane eziyisishiyagalombili.


When she had finished studying, she worked in the USA for twenty years.
While she was there, Sindiwe told the world about South Africa, and how hard it was for most people living here. People loved to listen to her stories, and wanted to learn more and more about South Africans.
Everyone joined together to help to change things in South Africa.
Lapho eseqedile ukufunda, wasebenza eMelika iminyaka engamashumi amabili.
Ngesikhathi elapho, usindiwe watshela umhlaba ngeNingizimu Afrika, nokuthi impilo yayinzima kangakanani kubantu abaningi ababehlala khona. Abantu babethanda ukulalela izindaba

Uthando lukaSindiwe lwezincwadi kanye nezindaba selumsizile ukuthi abhale izinqwaba ngezingqwaba zezincwadi. Futhi izingane kanye nabantu abadala bayathanda ukufunda izindaba zakhe. Abantu abaningi bathanda ukumbiza ngokuthi “uNomabali” (uNozindaba) ngenxa yokuthi uhlale ebhala, exoxa futhi efunda izindaba.





zakhe, futhi babe funa ukufunda okuningana ngabantu baseNingizimu Afrika.
Bonke abantu bayahlanganyela ukuze basize ukugqula izinto eNingizimu Afrika.




Sindiwe’s love for books and stories have helped her write piles and piles of books. And children and grown-ups love to read her stories. Many people call her “Nomabali” because she’s always writing, telling and reading stories.

Usindiwe waqeqeshelwa ukuba uthisha. Wathokoza kakhulu ukuyofundisa esikoleni sakhe sokugala. Kodwa kwakungekho madeski ezingane noma izincwadi ezizobhalala kuzo. Lokhu kwenza ukuthi usindiwe esabe kakhulu. Wayezoba uthisha omuhle kanjani uma izingane zingenza zingadwa zokuhlala noma zokubhalala?



Sindiwe trained to be a teacher. She was very excited to teach at her first school. But there weren’t any desks for the children or books for them to write in. This made Sindiwe feel scared. How could she be a good teacher when the children had nowhere to sit or write?

At night, her grandmother told magical stories about ogres and giants, animals of the forests, great beasts, and little creatures of the veld. It was Sindiwe’s favourite time.



Ebusuku, ugoto wakhe wayexoxa izinganekwane ezihlabahlosile ezimayelana namazimuzimu nemidondoshiya yeziqhwaga, izilwane zasemahlathini, izinunu ezinkulu, kanye nezilwane ezincane zasendle. Kwakuyisikhathi esithandwa kakhulu nguSindiwe lesi.

Lapho uSindliwe eseba yiIongosi, umndeni wakhe wahlala umcimb'i wokugubha lokhu. Wanikwa izinto ezikhethekile azozigqoka kwathi ikhethla elihlakaniphile lamhayela izibongo.



When Sindive became a teenager, her family organised a feast to celebrate. She was given special things to wear and a wise old man sang a praise song to her:

*Blessings, long life!
May your ancestors guard you!*

Sindiwe loved school and she dreamed of being a teacher.

USindiwe wayesithanda isikole, kanti iphupho lakhe kwakungukuba uthisha.



But Sindile missed the country where she was born. She wanted to tell her stories to the people at home. So she packed her luggage, got on a plane and flew back over the sea to Cape Town.

Kodwa usindiwe wayelikhumbula izwe
ayezalelwe kulo. Wayefuna ukuzixoxela
abantu basekhaya zizindaba zakhe. Ngakho-ke
wapakisha izimpahla zakhe, wangena endizeni
wase endiza ewela uliwandle waya eKapapa.





Back at the farm, Beauty had supper waiting for them.

“But first,” said the farmer, “I have something to say to Jackson.” He turned to his old donkey, stroked him gently and whispered in his ear, “Thank you, Jackson.”



Kwakukhona umlimi owayenenkosikazi yakhe Kegama layo lalinguBeauty, nendodana egama layo lalinguGoodwill kanye nembongolo endala egama layo lalinguJackson.

Njalo ekuseni ngosuku lokuya emakethe, lo mlimi wayelayisha amazambane, izaqathi, ummbila kanye namathanga emhlane oqinile wembongolo yakhe endala bese ekhuphuka nayo igquma aze afike emakethe. UJackson wayekhuphuka igquma ngaphandle kokukhononda nokuphumula.



Ashamed, the farmer dropped his stick. Not once had he ever thanked his old donkey for the many years of carrying loads to the market.

Quietly, they gathered up the vegetables and loaded some onto Jackson’s back, while some they carried themselves.

Umlimi walahla phansi induku yakhe, esephoxekile. Wayengakaze ayibonge nakanye imbongolo yakhe endala kuyo yonke le minyaka imhambisela imithwalo yakhe emakethe. Base bebutha imifino buthule, eminye bayilayisha emhlane kaJackson, kanti eminye bayithwala bona ngobo.



“Bad donkey!” shouted the farmer.

With that, Jackson sat down – and the vegetables fell from his back and rolled down the hill. Furious, the farmer began looking for a stick, to beat the stubborn animal.

“Mbongolo embi?” kumemeza umlimi. Wathi ukulizwa lelo, uJackson wahlala phansi – kwawa yonke imifino emhlane wakhe yagtingqika eglelani. Umlimi, ngokuthukuthela, watuna induku yokushaya lesi silwane esinenkani yeseclele.

Umlimi wazama ukudonsa uJackson ngaphambili.
“Woza bo! Woza bo!” kuncenga yena, esaba ukuthi
kungenzeka alahlekelwe amakhasisimende uma efika
emakethe sekwedlule isikhathi.
Noma kunjalo uJackson akazange anyakaze. Isilwane
sabantu sase sikhathele ukwenza umsebenzi singabongwa,
sihwalala imithwalo enzima unyaka nonyaka, senyuka
igquma siya emakethe.



The farmer tried pulling Jackson from the front.
“Come! Come!” he pleaded, afraid that he might
lose customers if he arrived too late at the market.
Still Jackson would not budge. The poor animal
had had enough of his thankless task, carrying heavy
loads year after year uphill to the market.

Then, one morning, the old donkey decided to
stop halfway and go no further.

“What’s the matter?” asked the farmer. But as
donkeys cannot talk, the farmer got no answer.


Irritated, he began pushing from behind, saying,
“Go! Go!” But Jackson would not go.



Kodwa, ngolunye usuku ekuseni, imbongolo
endala yanquma ukuma maphakathi nendlela
nokungaqhubeki nohambo.

“Kwenzenjani manje?” kubuza umlimi. Kepha
ngenxa yokuthi izimbongolo azikwazi ukukhuluma,
umlimi akatholanga mpendulo.

Ngenxa yokucasuka, waqala ukuyidudula
ngemuva, ethi, “Hamba! Hamba!” Kodwa lutho
ukuhamba uJackson.



At the market, they laid out the potatoes, carrots,
meales and pumpkins under a shady tree, while the
tired old donkey grazed nearby on a patch of grass.
By the end of the day, all the vegetables had been
sold and the farmer, his little boy, and his old donkey
set off for home.

Sebefike emakethe, babeka amazambane, izaqathi,
ummbila kanye namathanga ngaphansi komuthi
onomthunzi, ngenkathi imbongolo endala izidlela
utshani esiqintini sotshani.

Kwathi lishona ilanga, babe sebedayise yonke imifino;
umlimi kanye nomfanyana wakhe, kanye nembongolo
yakhe endala babhekisa amabombo ekhaya.



Your reading tips

Here are some of the tips that our readers have shared with us since we started in 2012!

- Show enthusiasm and passion when you are reading aloud ... it is important to have read the book and know what the book is about. I like to choose books that children can be a part of so that they can interact with the story. I also like to use expression and different voices. (Tracey Muir, Librarian)
- Let children choose their own books, as they are more likely to stay interested and engaged with a book they have chosen themselves than one that has been chosen for them. (Bafana Khumalo, founder of We are the Future Reading Club)
- Children copy their parents, so if they see their parents read it will spark their interest. Buy books to read aloud to them, make your own informal books ... you can even simply read the newspaper aloud! (Felicia Watson, teacher, reading activist and founder of Kannemeyer Primary School Reading Club. Felicia passed away in 2014.)
- Turn old socks into finger puppets with some googly eyes, craft paint and glue – perfect for using to tell stories. (Langa Vulindlela Reading Club)
- Don't only read from books; share stories with your children from your own life! (Marilyn Honikman, writer and publisher)



Amacebo akho okufunda

Nanka amanye amacebo abafundi bethu asebabelane ngawo selokhu saqala ngowezi-2012!

- Khombisa umdlandla kanye nentshisekelo uma ufunda kakhulu ... kubalulekile ukuthi ube usuyifundile incwadi futhi wazi ukuthi incwadi imayelana nani. Ngithanda ukukhetha izincwadi ezingane ezingaba yingxenywe yazo ukuze zikwazi ukuzibandakanya nendaba. Ngiyathanda futhi ukusebenzisa okukhombisa okuzwakalayo ngaphakathi kanye namaphimbo ahlukene. (uTracey Muir, Umsizi waseMtatsheni Wezincwadi)
- Vumela izingane ukuthi zikhethe izincwadi zazo, njengoba lokho kunokuzenza zihlale zinentshisekelo futhi zigxilile encwadini eziyikhethe ngokwazo kunaleyo eziyikhethele. (uBafana Khumalo, umsunguli we-We are the Future Reading Club)
- Izingane zilingisa lokho okwenziwa abazali bazo, ngakho uma zibona abazali bazo befunda, lokho kuzenza ukuthi zokheleke inhansi yokuthanda ukufunda. Thenga izincwadi ezizozifundelwa kakhulu, uzakhele ezakho izincwadi zokuzenzela nje... ungalifunda kakhulu nephephandaba futhi! (uFelicia Watson, uthisha, okhuthaza ukufunda kanye nomsunguli we-Kannemeyer Primary School Reading Club. uFelicia washona ngowezi-2014.)
- Guqula amasokisi amadala abe ngamaphaphethi eminwe ngokusebenzisa amehlo okwenziwa, upende osetshenziswa kwezobuciko kanye neglu – okulungele ukusetshenziswa ekuxoxeni izindaba. (i-Langa Vulindlela Reading Club)
- Ungafundi kuphela izincwadi; yabelana nezingane zakho ngezindaba ozisusela empilweni yakho! (uMarilyn Honikman, umbhali nomshicileli)

ARE YOU SOUTH AFRICA'S FIRST STORY BOSSO?

Enter our multilingual storytelling competition for the chance to win R15 000 worth of prizes and the chance to enjoy a story with a South African celebrity!

At Nal'ibali, we believe that anyone can share a story. Any time. Anywhere. That's why this September, we are calling on everyone in the country – parents, children, teachers, librarians, families and reading clubs – to share their favourite stories with us and so stand a chance of being crowned South Africa's very first Story Bosso.

How to get involved?

Simply record a video or audio clip of yourself, your child, your family, your class or reading club reading or telling a story. Whether it's a bedtime story, a made-up story, the retelling of a story you know, or one of our specially-selected stories on our website, we want to hear YOUR version – and in YOUR preferred languages.

Where to enter?

Visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi for full competition details, ideas on how to tell or read a story, sample stories you can download and venues where you can go to record your story if you need help with this.



NGABE UYI-STORY BOSSO YOKUQALA YASENINGIZIMU AFRIKA?

Ngenela umncintiswano wethu wokuxoxa izindaba ngezilimi ezahlukene ukuze ube sethubeni lokuwina imiklomo yenani lika-R15 000 kanye nethuba lokuthokozela indaba nosaziwayo waseNingizimu Afrika!

KwaNal'ibali, sikholelwa ekutheni noma ubani angabelana nabanye ngendaba. Noma yinini. Noma yikuphi. Yingakho ngalo Mandulo, sicela wonke umuntu ezweni – abazali, izingane, othisha, abasizi basemitatsheni yezincwadi, imindeni kanye namathimba okufunda – ukuthi babelane nathi ngezindaba abazithandayo, bese beba sethubeni lokudla umhlanganisano ngokuba yi-Story Bosso yokuqala yaseNingizimu Afrika.

Ungazibandakanya kanjani?

Vele uqophe ividiyo noma izwi lakho, lengane yakho, lomndeni wakho, leklasi lakho noma ithimba lakho lokufunda kufundwa noma kuxoxwa indaba. Noma ngabe yindaba efundwa ngesikhathi sokulala, yindaba eqanjiwe nje, noma ukuxoxwa kabusha kwendaba oyaziyo, noma enye yezindaba ezikhethwe ngokucophelela kusizindlwazi sethu, sifuna osuyixoxa ngendlela YAKHO – futhi ngezilimi ZAKHO ozikhethele zona.

Ungangenela kuphi?

Vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole imininingwane yomncintiswano egcwele, amacebo ngokuthi ungayixoxa kanjani noma ungayifunda kanjani indaba, amasampula ezindaba ongazithwebula ngensiza yekhompyutha kanye nezindawo ongaya kuzo ukuze uyoqopha indaba yakho uma kuwukuthi udinga usizo ngalokhu.

Enter now!
You only have until
30 September 2015
to send in your story!

Ngenela
manjel Ungakwazi
ukuthumela indaba
yakho kuphela kusukela
manje kuze kube umhla
zingama-30 kuMandulo
wezi-2015!




A bowl of phutu

Retold by Wendy Hartmann



Illustrations by Alzette Prins



There was once a boy who had no family and no place to stay, so the people in the nearby village named him Molahlehi, which means "the lost one". The boy did not mind the name they gave him because he was sure that one day he would have a home and a family.

Every day Molahlehi went down to the river to catch fish so that he would have something to eat. Some days he sat for hours hoping to feel a pull at the end of his line. Some days he caught nothing. Then, he would look for fruits and berries to eat. If he found nothing, then he went to sleep hungry.

One day as he sat hoping to catch a fish for dinner, a few women came down to the river to wash their clothes. They looked across to where he sat.

"Look at that boy," said one woman. "He is almost as thin as the stick he has in his hand." She walked over to Molahlehi and sat down next to him.

"You look hungry," she said. "Please eat this bowl of phutu."

Molahlehi was very happy to get the food. "Thank you," he said.



After that day, whenever this woman came down to do her washing and saw Molahlehi, she went over to him and gave him a bowl of phutu.

"Thank you," said Molahlehi. "One day I will find a way to pay you back for your kindness."

The day came when Molahlehi was a young man. He knew that now he was strong enough and old enough to search for his own home. Now, at last, it was time to leave this place and find a home. The only person he spoke to before he left, was the woman who had always given him food.

He said goodbye and again he said, "I promise that one day I will pay you back for being so kind to me."

Molahlehi packed what little he had in his bag and took the long spear he had made for himself. Then he walked along the path that took him into the African bush.

It took many months of walking as Molahlehi searched for a place that he could call home. He walked for many, many months until the day came when he thought he would never find a place. He

was tired and hungry, but then he saw a group of men sitting in the shade of a big tree. The men greeted him and were friendly. Molahlehi greeted them and smiled. As he was about to leave, one of the men stopped him.

"Wait! What is your name?" the man asked.

"I do not know," he answered. "People call me Molahlehi, the lost one."

"Come back to our village with us," the man said. "You look like you need some good food and a place to rest."

Molahlehi went with the men and everyone welcomed him into the village. Molahlehi knew that in this village he would at last have a home and friends. He worked hard. He helped everyone who needed help. He was kind and always had a good word to say. Everyone in the village loved him and so did the old king who had no sons. When the old king died, all the villagers begged Molahlehi to become their king. There was a great feast and the villagers gave their king a new name, King Lebohang, which means "be thankful".

The first thing King Lebohang did, was to send out a group of men to search for the woman who had been so kind to him when he was a boy. When the men returned, they brought an old woman with them. She was afraid and knelt before the king shaking. The king recognised her immediately. He stood up and walked towards her. Then, King Lebohang, knelt and held out a bowl. He gave it to the woman.

The old woman took the bowl and was shocked to see that it was full of gold. She looked up at the king.

"Molahlehi," she whispered.



"Yes," said the king. "I promised you that I would pay you back someday. Everyone should remember a promise and everyone should be thankful when someone is kind to them."



Drive your
imagination

Kwakukhona umfana owayengenamndeneni futhi engenayo nendawo yokuhlala, ngakho abantu basemuzini oseduze bambiza ngokuthi uMolahlehi, okuchaza ukuthi "olahlekile". Umfana wayengenandaba negama ababemqambe lona ngoba wayeqinisekile ukuthi ngelinye ilanga uyoba nekhaya kanye nomndeneni.

Nsuku zonke uMolahlehi wayehla ayodoba izinhlanzi emfuleni ukuze abe nento azoyidla. Ngezinye izinsuku wayehlala amahora amaningi enethemba lokuthi kukhona azokubamba ngodobo lwakhe. Ngezinye izinsuku wayengabambi lutho. Wayabe esebheka izithelo kanye namajikijolo angakudla. Uma engatholanga lutho, wayelala ngendlala.

Ngelinye ilanga ehleli enethemba lokuthi angabamba inhlanzi ezoba yisidlo sakusihlwa, kwafika abesifazane abambalwa ababezowasha izingubo zabo emfuleni. Babuka ngaphesheya lapho ayeleli khona.

"Ake nibheke lowaya mfana," kusho omunye wabesifazane. "Uzace ucishe alingane nothi aluphethe." Waya kuMolahlehi wase ehlala eduze kwakhe.

"Ubukeya ulambile," kusho yena. "Ngicela udle lolu phuthu olusendishini."

Kwamjabulisa kakhulu uMolahlehi ukuthola ukudla. "Ngiyabonga," kusho yena.



Ngemva kwalolo suku, njalo nje uma lo wesifazane ezowasha izingubo zakhe, lapho ebona uMolahlehi, wayeya kuye ayomnika indishi yophuthu.

"Ngiyabonga," kusho uMolahlehi. "Ngelinye ilanga ngiyoyithola indlela yokukukhokhela ngalo musa wakho."

Lwafika usuku lapho uMolahlehi eseyibhungu. Wayazi ukuthi manje wayesenamandla futhi ekhule ngokwanele ukuthi angahamba ayozifunela ikhaya lakhe. Manje, ekugcineni, kwase kuyisikhathi sokuthi ashiye le ndawo ayozitholela ikhaya lakhe. Ukuphela komuntu akhuluma naye ngaphambi kokuba ahambe, kwaba owesifazane owayehlale emnika ukudla.

Wavalelisa waphinde wathi futhi, "Ngiyethembisa ukuthi ngelinye ilanga ngizothola indlela yokukukhokhela ngokungenzela kwakho umusa ongaka."

UMolahlehi wapakisha konke okuncane ayenakho esikhwameni sakhe wase ethatha nomkhonto omude ayezenzele wona. Wayesehamba ngendledlana eyayomfaka ehlathini lase-Afrika.

Kwamthatha izinyanga eziningi ehamba uMolahlehi, ecinga indawo azoyibiza ngekhlanya lakhe. Wahamba izinyanga eziningi kakhulu, kwaze kwafika usuku lapho ayecabanga khona ukuthi angeke aphinde ayithole indawo. Wayekhathele, elambile, kodwa wase ebona amadoda ayeleli emthunzini wesihlahla esikhulu. Amadoda ambingelela ngomoya wobungani. UMolahlehi wawabingelela wase emamatheka. Kwathi lapho esethi uyahamba nje, wamiswa ngenye yalawa madoda.

"Yima! Ungubani igama lakho?" kubuza yona.

"Angazi," kuphendula yena. "Abantu bangibiza ngoMolahlehi, umuntu olahlekile."

"Buyela nathi emuzini wakithi," kusho indoda. "Ubukeya udinga ukudla okumnandi kanye nendawo yokuphumula."

UMolahlehi wahamba namadoda, kanti wemukelwa kahle yiwo wonke umuntu emuzini. UMolahlehi wavele wazi ukuthi ekugcineni wayezothola ikhaya kanye nabangani kulo muzi. Wasebenza ngokuzikhandla. Wayesiza wonke umuntu owayedinga usizo. Wayenomusa, futhi wayehlale enento enhle angayisho. Wayethandwa umuntu wonke emuzini ngisho nayinkosi endala eyayingenamadodana. Lapho seyikhothame inkosi endala, bonke abantu basemuzini bancenga uMolahlehi ukuthi abe yinkosi yabo. Kwaba nedili elikhulu, abantu basemuzini banikeza inkosi yabo igama elisha, elithi yiNkosi uLebohang, okuchaza ukuthi "bongani".

Into yokuqala eyenziwa iNkosi uLebohang, kwaba ukuthumela ithimba lamadoda ukuthi liyofuna owesifazane owayenomusa kuye esengumfana. Lapho amadoda ebuya, abuya nesalukazi. Sasesaba, saze saguqa phambi kwenkosi siqhaqhazela. Inkosi yavele yasazi ukuthi singubani. Yasukuma yaya kuso. INkosi uLebohang yaguqa iphethe indishi. Yayinika owesifazane.

Isalukazi sathatha indishi, sethuka uma sibona ukuthi yayigcwele igolide. Saphakamisela amehlo aso enkosini.

"Molahlehi," kunyenyeza sona.




"Yebo," kusho inkosi. "Ngakwethembisa ukuthi ngiyokukhokhela ngelinye ilanga. Wonke umuntu kumele akhumbule lokho akwethembisile, futhi wonke umuntu kumele abonge uma kukhona umuntu omenzele umusa."

Nal'ibali fun

To celebrate 100 editions of the Nal'ibali supplement, cut out the picture below and then colour it in. In the frame around the picture, write the words that you think of when you think about reading.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Ukuze ugubhe izintshicilelo eziyi-100 zesithasiselo sakwaNal'ibali, sika ukhiphe isithombe esingezansi bese usihlobisa ngombala. Efreyimini ezungeze isithombe, bhala amagama akufikelayo uma ucabanga ngokufunda.



Write down 8 words you think of when you hear the word "Nal'ibali". Make sure that each word you write down has one of the letters from the word "Nal'ibali" in it. Write this letter in a different colour to the rest of the word.

Bhala phansi amagama ayi-8 owacabangayo uma uzwa igama elithi "Nal'ibali". Yenza isiqiniseko sokuthi igama ngalinye olibhalayo linolunye lwezinhlamvu ezisegameni elithi "Nal'ibali". Bhala lolu hlamvu ngombala ohlukile kweyezinye egameni lonke.

We'd love to hear from you...

What were your favourite cut-out-and-keep books from the first 100 editions of Nal'ibali? Go to the "Featured books" section of the Nal'ibali website (<http://nalibali.org/book-box/featured-books/>) to remind yourself of the stories that were in the supplements. Then email us the titles of the books that you enjoyed the most (info@nalibali.org) or write these titles on our Facebook page (www.facebook.com/nalibaliSA).

You can also download copies of all our past editions in our "Resources" section (<http://nalibali.org/resources/nalibali-supplements/>).

Visit our mobisite:
www.nalibali.mobi

Vakashela i-mobisite yethu
ku-www.nalibali.mobi

Singathanda ukuzwa kuwe...

Ngabe yiziphi izincwadi zakho ozithandile kozisike wase uzikhipha ezintshicilelweni zezithasiselo eziyi-100 zokuqala zakwaNal'ibali? Yana esigabeni esithi "Featured books" esizindawazini sakwaNal'ibali (<http://nalibali.org/book-box/featured-books/>) ukuze uzikhumbuze ngezindaba ezazisezithasiselweni. Bese usithumelela nge-imeyili izihloko zezincwadi owazithokozela kakhulu (info@nalibali.org) noma ubhale lezi zihloko ekhasini lethu lika-Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA).

Ungathwebula futhi ngokusebenzisa insiza yekhompyutha amakhophi azo zonke izintshicilelo zethu ezedlule esigabeni sethu esithi "Resources" (<http://nalibali.org/resources/nalibali-supplements/>).

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your
imagination